



Story Power.

Walethe ekhaya amandla endaba.


Ukuqala: Yabelana ngendaba!

Into ebaluleke kakhulu ongayenza lapho ufundela izingane izindaba ukuthi nawe uzithokozele ngoba uma wenza kanjalo, nazo zizofunda ukuthi ukufunda kuyinto ethokozisayo. Azikho izindlela ezifanele noma ezingafanele zokufundela izingane, kodwa nanka amanye amacebo ethu okwabelana ngezincwadi nindawonye.

Nini?

-  Yabelana ngezindaba ngezikhathi izingane zakho ezikuthola kulula ukuthi zihlale phansi, ezifana nangemuva kwesikhathi sokugeza noma ngaphambi kokuyolala ebusuku.
-  Izingane ezincane noma ezikhathele zivame ukukuthola kunzima ukunamathela ngomqondo entweni isikhathi eside, ngakho ungasandi isikhathi eside kakhulu.

Kuphi?

-  Thola indawo engenamsindo nenizohlala ngokuthokomala nifundele kuyo. Cisha noma imaphi amakhompyutha, omabonakude kanye nemisakazo!



SIXOXELE INDABA YAKHO

Ngabe izincwadi nezindaba ziyibumbe kanjani impilo yakho neyezingane zakho? Ngabe zikusizile ukuthi uchaze isimo esilukhuni enganeni yakho? Noma ngabe ukuthola incwadi izingane zakho eziyithandayo kukhuthaze izingane zakho ukuthi zifunde, futhi kwazisiza ukuthi zithuthuke ekufundeni kwazo esikoleni? Siitshale ku-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), noma ku-Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) usebenzisa u-hashtag #StoryPower, futhi kungenzeka sishicilele ukuthi izindaba zibe namthelela muni empilweni yakho esithasiselweni sokufundela ukuzithokozisa sakwaNal'ibali noma kusizindalwazi sethu.

Kanjani?



Hlalani nisondelane ukuze nobabili nizibone kalula izithombe kanye namagama asekhasini.



Qala ngokufunda igama lombhali (nodwebe imidwebo) ukuze izingane zikwazise ukuthi izincwadi zenziwa abantu nje abafana nazo!



Funda ukhombise imizwa ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo – izingane zakho zizokujabulela lokho!



Thola izindlela zokuzidonsela endabeni lapho ufunda. Isibonelo, zibuze ukuthi zicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka, xoxani ngesinye sezithombe noma uzicele ukuthi zikuphenyele amakhasi.



Julisa ukuqonda kwazo ngokubuza ukuthi, “Ngabe kukukhumbuzani lokho?”, “Ucabanga ukuthi wayekwenzelani lokho?” nokuthi, “Ngabe wena wenzenjani?” Imibuzo efana nale isiza ukuxhumanisa izindaba nezimpilo zezingane, futhi isiza izingane ukuthi zithole ukuthi zisebenza kanjani izindaba.



Uma izingane zakho zikucela ukuthi ufunde indaba futhi ... ubuye uphinde futhi, kwenze lokho! Zizode ziithola okusha ngendaba. Uma ziya ngokuzazi kangcono izindaba, zimeme ukuthi zifunde kanye nawe.



Noma izingane zakho sezikwazi ukufunda, ungayeki ukuzifundela! Khetha izincwadi ezinzima kakhudlwana futhi ezijulile kunalezo ezikwazi ukuzifundela zona. Uma nifunda ndawonye izincwadi ezinezahluko, fundani isahluko esisodwa noma ezimbili njalo ngosuku, noma nithole indawo enizoma kuyo ezokwenza ukuthi izingane zakho zifune ukuzwa okunye kusasa!



Sivakashele kulezi zindawo: www.nalibali.org | www.nalibali.mobi
www.facebook.com/nalibaliSA | www.twitter.com/nalibaliSA

